**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 140/123

2. Umkhuleko: Nkulunkulu Baba, Nkulunkulu Ndodana, Nkulunkulu Moya oNgcwele, siyakubonga, siyakudumisa, Mthathwemunye, wena osidalile, wasisindisa, wasingcwelisa. Nkosi, sesibuthene nanamuhla lapha endlini yakho yesonto ukulizwa izwi lakho. Nkosi, akuthi-ke sisezakulizwa izwi lakho, usiphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba nathi sishiye konke okwethu, sikulandele, sikholwe nguwe, size sifinyelele ekuphileni okuphakade osilungisele khona ngokufa nangokuvuka kweNdodana yakho uJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 5:5c-11;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMatheo 6:25-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 182/190

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesithathu lilotshiwe

kuLuka 18:28-30, lithi: "Wayesethi uPetru: Bheka, thina sishiyé okwethu, sakulandela. Wathi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho-muntu oshiyé indlu, noma umkakhe, noma abafowabo, noma abazali, noma abantwana ngenxa yombuso kaNkulunkulu, ongayikwamukeliswa okuphindwé kaningi kulesisikhathi nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, sisemasontweni esikhathi sobuThathwemunye, okuyisikhathi esibonga sidumisa ngaso uNkulunkulu uMthathwemunye, yena onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele ngenxa yemisebenzi yakhe emikhulu asenzele yona ngomusa wakhe. Namuhla-ke sekuyisonto leshumi nesihlanu emva komkhosi wobuThathwemunye.

Yebo bandla, amazwi entshumayelo yethu yanamuhla siwafumana evangelini ngokuloba kukaLuka, lapho uJesu esand' ukukhuluma nensizwa enothileyo, eyayimbuzile uJesu ukuthi izokwenzani ukuze idle ifa lokuphila okuphakade na? UJesu uyayiphendula lenzizwa ngokuthi ayigcine imiyalo kaNkulunkulu. UJesu uyaphawula imiyalelo ethile nje uthi: Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafakazi amanga, yazisa uyihlo nonyoko. Lensizwa iyaphendula ngokuthi: Konke lokhu ngikugcinile kwasebusheni bami. UJesu ugcina ngokuthi kuyo: Usilalelwe into inye: Thengisa ngakho konke onakho, wabele abampofu, khona uzakuba-negugu ezulwini, uze ungilandele. Kuthé lensizwa ikuzwe lokho yadabuka, ngokuba yayinothile kakhulu.

Bathandekayo eNkosini, abafundi bakaJesu bayibona lensizwa ibuyela emuva idabukile, base bekhumbula ukuthi kambe nabo, mhla uJesu ebabiza bashiya konke ababekwenza, bamlandela uJesu. Ngakho-ke emazwini entshumayelo yethu yanamuhla sizwa uPetru ekhumbula lokho ethi: "Bheka, thina sishiyé okwethu, sakulandela." Bandla, uPetru ufuna ukwazi ukuthi bona bazotholani? Bona abazidelile bashiya okwabo bamlandela uJesu, bazothola umvuzo muni? Bandla, uJesu uyabathembisa abafundi bakhe isithembiso esihle impela, uthi: "Ngiqinisile ngithi kini: Akukho-muntu oshiyé indlu, noma umkakhe, noma abafowabo, noma abazali, noma abantwana ngenxa yombuso kaNkulunkulu, ongayikwamukeliswa okuphindwé kaningi kulesisikhathi nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade."

Bafowethu, ngithi nanamuhla phakathi kwethu kusavela imibuzo enjalo, sithi: Nkosi, thina sishiyé konke okwethu sakulandela. Pho, siyakutholani na? Sithi: Thina singamakholwa kusukela ebuntwaneni bethu. Pho, Siyakuthola umvuzo muni na? Bandla, nathi, njengabo abafundi beNkosi uJesu, uJesu uyasethembisa isithembiso esihle impela, sokuthi siyakwamukeliswa okuphindwe kaningi kulesisikhathi nasenkathi ezayo ukuphila okuphakade. Nokho masiqaphele, uma simlandela uJesu ngeqiniso, uma sikholwa ngeqiniso, masingacabangi ukuthi uNkulunkulu uyakusipha umvuzo ngenxa yemisebenzi yethu. Qha, insindiso, ukuphila okuphakade akutholakali ngemisebenzi esiyenzile thina, kodwa kutholakala ngesihle ngomusa ngokukholwa nguJesu Kristu kuphela, njengokusho

komphostoli uPawulu ukuthi: Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa, nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo, Ef. 2:8-9.

Bandla, nathi masidele konke okwethu, konke esinakho, konke esiyikho, simlandele uJesu ngeqiniso, uJesu usho njalo uthi: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla, angilandele, Luka 9:23. Yebo, omlandelayo uJesu ngeqiniso, akasweli lutho, akalahlekelwa lutho, kodwa onjalo uyakwamukeliswa okuningi kulesisikhathi nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade.

Bandla, ukumlandela uJesu kusho ukuthini na? Ukumlandela uJesu kubizani na? Ukumlandela uJesu kubiza ukuba lowo omlandelayo uJesu azidele, futhi adele konke anakho, adele konke ayikho ngenxa kaJesu, noma indlu yakhe, noma umkakhe, noma abafowabo, noma abazali bakhe, noma abantwana bakhe, noma yini eyigugu kuye. UJesu usho njalo uthi: Othanda uyise nonina kunami kangifanele, nothanda indodana noma indodakazi kunami kangifanele, nongathabathi isiphambano sakhe angilandele kangifanele, ofumana ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho, olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufuamana, Math. 10:37-39. Umphostoli uPawulu athi: Kanti-ke lokho okwakuyinzuzo kimi ngakushaya indiva ngenxa kaKristu. Yebo impela, konke ngikushaya indiva nobukhulu bokumazi uKristu Jesu, iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi, ukuze ngizuze uKristu, Fil. 3:7-8.

Bathandekayo eNkosini, ekugcineni sekuyavela umbuzo othi: Ngokwethu singaba nawo yini amandla okumlandela uJesu na? Cha, ngokwethu asinamandla, ngokwethu singabantu ababuthakathaka nje, kodwa lawamandla singawathola kuye uJesu kuphela, uma siguqa phansi kwesiphambano sakhe, sikhuleka kuye imihla ngemihla, lawamandla singawathola, uma silizwa izwi likaNkulunkulu esontweni ngamasonto onke. Yebo, lawamandla singawathola, uma sizihlanganisa njalo neNkosi yethu uJesu Kristu esidlweni sayo esingcwele, sidla umzimba wayo onikelwe thina ekufeni, siphuza igazi layo elithululelwe thina esiphambanweni kube ukuthethelelwa kwezono zethu.

UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini, makasisize thina sonke, sisawezwa lawamazwi asiphe uMoya wakhe oNgcwele, ukuba nathi sishiye konke okwethu simlandele uJesu, sikholwe nguye ngeqiniso, sigcine ngokwemukeliswa nguye okuphindwe kaningi kulesisikhathi nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade ezulwini, uNkulunkulu akasiphe konke lokhu ngomusa wakhe, uykupha konke lokhu egameni likaJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga, sibonga izwi lakho elingcwele eseselizwile manje, vusa-ke izinhliziyo zethu ngalo, ukuba silithande, silenze, sihambe njengokusho kwalo. Nkosi, siphe ukuba nathi sizwe njalo izwi lakho osibiza ngalo, sithabathe isiphambano sethu imihla ngemihla, sikulandele, size siphiwe nguwe umvuzo oyiwo, ukuphila okuphakade ezulwini, ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 142/125

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1999/2005 ngu-F. J. Mtshali

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.